Need an amazing tutor?

www.teachme2.com/matric

Collected and collated by

teachme2

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

NOVEMBA 2023

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 80

Lo mhlahlandlela unamakhasi ayi-9.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

INDLELA YOKUMAKA:

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Omakayo kumele awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo amaphutha uma ekhona.

2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama ngeke anakwe uma impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona, lokho kuyovumeleka.

3. Imibuzo evulelekile edinga izimpendulo ezinjengoYEBO/CHA noma ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa amamaki. Ngokufanayo nalezi ezinjengo-IQINISO/AKUSILO IQINISO noma IQINISO/UMBONO nazo azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.

4. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma eyidwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.

5. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho, kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala, okunye kungabe kusanakwa.

6. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendulweni yakhe.

7. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje:
   Isib: 1.1.3 D/Ihaba. (okuwuhlamvu oluphelele).

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UMBUZO 1

1.1 1.1.1 Uhlobo lwesilwane esindizayo√/Yinyoni.√ (1)

1.1.2 B√/Ikhaya lezinyoni.√ (1)

1.1.3 (a) D√/Dickin Medal.√
(b) C√/1914–1918.√
(c) B√/Inhloli yempi yaseMelika.√
(d) A√/French Croix de Guerre.√ (4)

1.1.4 Kula maqanda kuphuma amachwane asukela kwelilodwa kuya kwayisithupha.√√ (2)

1.1.5 Ngesikhathi ehambisa umyalezo ophuthumayo waba neshwa wadutshulwa isifuba, umlenze nehlo/neso. Wandiza ihlo elilodwa selivalekile.√√/ Wayehamba ngaphansi kwesimo esibucayi sempi.√√/ Wayedlula phakathi kwemililo, evika izinhlamvu zezibhamu.√√ (2)

1.1.6 OKUBILI kwalokhu:
- Anobudlelwane obubodwa impilo yawo yonke.√/
- Ngesikhathi sokufukamela ayalekelelana, elesilisa lihlala emaqandeni emini bese elesifazane lihlale ebusuku.√/ (2)

1.1.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Bobabili babehambisa imiyalezo emasosheni ayesempini.√√/
- Bobabili baphephisa amasosha nezakhamuzi.√√/
- Bobabili baklonyeliswa ngezindondo.√√

(Nokunye Okuyoshiwo umfundi okusendabeni) (4)

1.1.8 Ukushiya into oyohlale ukhunjulwa ngayo njalo noma ungasekho.√√/Ukwenza okuhle ngokwedlulele.√√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.1.9 Waphila iminyaka eyi-18.√√ (2)

1.1.10 Izimpendulo ziyokwehluka:

Ngiyavumelana ngoba kukhona amajuba asetshenziswa njengophawu lokwakha uxolo. √√

Noma

Angivumelani ngoba kukhona abantu abaxolelanayo ngaphandle kokusebenzisa amajuba.√√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.1.11 Izimpendulo ziyokwehluka.
OKUBILI kwalokhu:
- Angcolisa izindonga zemizi.√/
- Abanga umsindo.√/
- Aphazamisa abantu uma bezihlalele emapaki.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

1.2 1.2.1 OKUBILI kwalokhu:

- Izingane zibhukuda ndawonye.√
- Ingane idlala ibhayisikili.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

1.2.2 OKUBILI kwalokhu:

- Izintambo zikagesi zixhunywe ngokungekho emthethweni.√/
- Imizi yakhiwe phezu kweminye ngezitini ezibukeka zingaphephile ngenxa yemifantu.√/
- Izingane zingagwiliza/ zingaminza emanzini. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

1.2.3 Izimpendulo ziyokwehluka:

OKUKODWA kwalokhu:

- Ukuthi batholelwe indawo enkulu kunale abakuyona.√√/
- Ukuthi bakhelwe imizi ephephile.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

[30]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2

Amaphuzu esingawabheka:

	AMAPHUZU ACASHUNIWE		AMAPHUZU AHUNYUSHIWE
1.	'Ukufunda kusiza umqondo ukuba uhlale usebenza ukuze kwehle ingozi yokuhlaselwa isifo se-Alzheimer nese-Dementia esesihlasele abantu abaningi.'	1.	Kufanele ufunde njalo ukuze ugweme isifo se-Alzheimer nese-Dementia.
2.	'Ukuthatha incwadi emnandi uyifunde kwehlisa ukhwantalala (depression) uzizwe usujabula kuze kuxazululeke nenkinga obunayo.'	2.	Incwadi emnandi yenza kwehle ukhwantalala, ujabule ukhohlwe izinkinga onazo.
3.	'Ulwazi oluthola emibhalweni enhlobonhlobo oyifundayo luyifa lakho ongeke uliphucwe ngumuntu, uyoze ufe nalo.'	3.	Akekho umuntu ongakuphuca ulwazi oluthole ngokufunda izincwadi ngoba luba ngolwakho wedwa.
4.	'Ukufunda izinhlobo zezincwadi kwandisa ulwazimagama, ukuqonda ukwenzeka nokwenziwa kwezinto.'	4.	Izincwadi ezahlukene zikunika ulwazi oluningi.
5.	'Kukhona izincwadi ezifundwayo ezihambelana nokusiza ukukhumbula amagama, izindawo nokunye okusemqoka kakhulu empilweni yomuntu ngamunye'	5.	Kukhona izincwadi ezenza ukuthi ungakhohlwa yilokho okwaziyo.
6.	'Ukufunda izinto ezibhalwe phansi kuthuthukisa amakhono ahlukene kubantu bagcine sebekwazi ukuziqambela okwabo nabo.'	6.	Izinto ozifundayo zikwenza ukwazi ukuqala eyakho imisebenzi ezokwandisa ulwazi lwakho.
7.	'Phela ukufunda kuyingxenye enkulu yokuthuthukisa ikhono lokubhala, ukuphimisa amagama, ukukhuluma nokuxhumana nabantu.'	7.	Uma ufunda ugcina ukwazi ukukhuluma nokuphimisa kahle amagama.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

Ukumakwa kokufingqa
Ukumaka kubhekela ukuba khona kwamaphuzu abalulekile nokuhlungwa kwalawo angabalulekile empendulweni.

Ukufingqa kumele kumakwe ngale ndlela:

- **Ukwabiwa Kwamamaki:**
  - Amamaki ayi-7 ngamaphuzu ayi-7 (Iphuzu ngalinye labelwa imaki elilodwa).
  - Amamaki ama-3 abelwa ulimi.
  - Isamba samamaki ayi-10.

- **Ukwabiwa Kwamamaki Olimi Lapho Umfundi Engacaphunanga Esiqeshini Njengoba Kunjalo (igama negama):**
  - Iphuzu eli-1 kuya kwama-3: Uklonyeliswa ngemaki eli-1.
  - Amaphuzu ama-4 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngamamaki ama-2.
  - Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Uklonyeliswa ngamamaki ama-3.

- **Ukwabiwa Kwamamaki Olimi Lapho Umfundi Ecaphune Esiqeshini Njengoba Kunjalo:**
  - Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Akaklonyeliswa lutho ngemaki lolimi.
  - Amaphuzu ama-4 kuya kwayi-5: Uklonyeliswa ngemaki eli-1 lolimi.
  - Amaphuzu ama-2 kuya kwa-3: Uklonyeliswa ngamamaki ama-2 olimi.

QAPHELA:

- **Ukubalwa Kwamagama:**
  - Abamakayo kulindeleke ukuthi babale inani lamagama asetshenzisiwe.
  - Awekho amamaki asuswayo uma umfundi engalibhalanga inani lamagama asetshenzisiwe noma elibhalile kodwa kungesilona.
  - Uma inani lamagama asetshenzisiwe leqile, omakayo kumele afunde aphelele emshweni wokugcina ngaphezulu kwesibalo esibekiwe, angabe esakunaka okulandelayo.

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3

Indlela yokumaka ISIQEPHU C

- **Ukupelwa kwamagama/Isipelingi**
  - Izimpendulo ezidinga igama elilodwa mazimakwe ngisho kunamaphutha esipelingi, ngaphandle uma iphutha lishintsha umqondo/incazelo yegama.
  - Uma impendulo ingumusho ogcwele, amaphutha esipelingi awanganikwa amamaki uma kuhlolwa ulimi.
  - Uma kuhlolwa isifinyezo, impendulo mayibe nophawu lokuloba olufanele.

- Ukwakhiwa kwemisho makulandele uhlelo lokusetshenziswa kolimi olufanele.

- Emibuzweni lapho kukhethwa khona izimpendulo, yamukela KOKUBILI uhlamvu oluhambisana nempendulo efanele NOMA impendulo efanele ebhalwe ngokugcwele.

3.1 Ukukhanyisa.√ (1)

3.2 OKUBILI kwalokhu:
- Iyonga.√/
- Ithembekile.√/
- Ikhanyisa isikhathi eside.√/
- Iletha ukukhanya uma ugesi ucimile. √/
- Isebenza emanzini. √/
- Ikhanyisa amahora ayi-12. √/
- Iyatitilizwa/ishibhile. √/
- Inosayizi abahlukene√/
- Bayakudilivela√ (2)

3.3 Phuma ebumnyameni ngeKhanyisa Globe enamandla amakhulu.√√/
Gcwala ngegulobhu ikhanyisa! √√ (2)

3.4 B√/Umusho ophoqayo.√ (1)

3.5 Atholakala√/ayatholakala.√ (1)
Adayiswa√/ayadayiswa.√ (1)

3.6 Izimpendulo ziyokwehluka.
Abavumayo :
Yebo, ingaxazululeka ngoba iglobhu iyakwazi ukuqhubeka ikhanyise noma ugesi ungekho.√√/

Abaphikayo:
Cha, angeke zixazululeke ngoba iglobhu eyokukhanyisa kuphela kanti ugesi usetshenziselwa izinto ezahlukene.√√
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)
[10]

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UMBUZO 4

4.1 OKUBILI kwalokhu:
Ukuwina u-R25 million.√/ukuthenga umuzi wamaphupho abo√/ukuphila i-*soft life.*√ (2)

4.2 Izimpendulo zingathinta amaphuzu alandelayo: Okukodwa kwalokhu:

- Bahleli eduze kakhulu nomabonakude√/
- Itafula lokudlela nosofa kusegunjini/erumini/ekamelweni elilodwa.√/
- Uhleli kusofa, unyawo luthinte itafula. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (1)

4.3 C√/wokukhathazeka.√ (1)

4.4 Thatha u-R25 miliyoni manje!√√ (2)

4.5 Izimpendulo zizoveza igama umuzi ochaza ichashaza/ibala elisemzimbeni womuntu/ umuzi ochaza uhlobo oluthile lotshani.

Isibonelo:

Umuzi osesihlathini sikaBusi umenza abe muhle.√√/
Ngisayosika **umuzi** ukuze ngeluke isibopho.√√ (2)

4.6 Izimpendulo ziyokwehluka:

- Ukuyigcina ebhange ukuze ibe nenzalo/ikhule.√/
- Ukuqala ibhizinisi elizongenisa imali.√/
- Ukuyofunda ukuze uthole ulwazi.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)
[10]

UMBUZO 5

5.1 5.1.1 **Ukuthi.**√ (1)

5.1.2 Impambosi yokwenziwa.√ (1)

5.1.3 Impidlwana.√/Impilwana.√ (1)

Isibonelo: **Impidlwana/Impilwana** kagogo isiyahlupha.√ (1)

5.1.4 **A**ngiyilungele imfundo ephakeme.√ (1)

5.1.5 B/√ Isifaniso.√ (1)

5.1.6 **Abazali**√ (1)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

	5.1.7	(a)	Ezinkulu.√/kakhulu.√	(1)
		(b)	BaseNingizimu Afrika.√/eNingizimu Afrika.√	(1)
	5.1.8		Abahlengi**kaz**i.√	(1)
	5.1.9		Uthisha uthi umfundi/kumfundi akakhe ikusasa lakhe liqhakaze.√√	(2)
	5.1.10		Abazali bayakhathazeka.√ Izingane zabo zidlala ngamathuba.√	(2)
5.2	5.2.1	(a)	Nkosikazi.√	(1)
		(b)	Phrofesa.√	(1)
	5.2.2		Okusho/kusho ukuthi√ akusafanele-ke√	(2)
	5.2.3		Umuntu ongalaleli/ongezwa uma ekhuzwa/etshelwa.√√/umuntu ongahloniphi.√√ (Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.)	(2) **[20]**

AMAMAKI ESIQEPHU C: 40
AMAMAKI ESEWONKE: 80